**IBA NEZWI**

**ISIMEMO SOKUPHAWULA**

**UMTHETHOSIVIVINYWA OLUHLAKA WEZINDAWO ZOKUHLALA AMALUNGU EPHALAMENDE, WEZI-2026**

IKomidi Lesikhashana Lokubuyekeza Nokuchibiyela uMthetho weBhodi Eliphethe Izindawo Zokuhlala Amalungu ePhalamende (uMthetho No. 96 we-1998) limema bonke ababambiqhaza abanentshisekelo kanye nabantu ngabanye ukuba balethe imibono yabo ebhaliwe mayelana noMthethosivivinywa wezindawo zokuhlala amalungu ePhalamende, wezi-2026.

**Izinhloso zoMthethosivivinywa**

UMthethosivivinywa uhlose ukuchitha uMthetho weBhodi Eliphethe Izindawo Zokuhlala Amalungu ePhalamende, we-1998; ukuqaphela nokulawula ukuba khona kwezindawo zokuhlala amalungu ePhalamende kanye nokwabiwa kwezindlu; ukuqoka iPhalamende njengomgcini nomsebenzisi wezindawo zokuhlala amalungu ePhalamende; ukusungula nokulawula iBhodi eliphethe izindawo zokuhlala amalungu ePhalamende; ukuhlinzeka ngokuphathwa kweBhodi kanye nendima yalo yokweseka iPhalamende njengomgcini nomsebenzisi wezindawo zokuhlala amalungu ePhalamende; Ukuhlinzeka ngokumiswa kweKomidi lamalungu nokuchaza indima nemisebenzi yalo; nokuhlinzeka ngendima ye*South African Police Service* ezindaweni zokuhlala zamalungu ePhalamende; ukuchibiyela uMthetho Wokuphathwa Kwempahla Kahulumeni Engagudluki, wezi-2007; kanye nokuhlinzekela izindaba ezihambisana nalokho.

Imibuzo, kanye nemibono ebhaliwe, ingathunyelwa eKomidini Lesikhashana Lokubuyekeza Nokuchibiyela uMthetho weBhodi Eliphethe Izindawo zokuhlala zamalungu ePhalamende, iqondiswe kuDkt Anneke Clark, nge-imeyili ku-aclark@parliament.gov.za. Ngaphezu kokuletha imibono ebhaliwe, uyacelwa ukuba uveze ukuthi unentshisekelo yini yokwenza isethulo ngomlomo phambi kweKomidi Lesikhashana.

**Usuku lokuvala ukwamukelwa kwemibono ebhaliwe nguMsombuluko, mhlazi -31 kuNcwaba wezi- 2026.**

Amakhophi oMthethosivivinywa angacelwa ngocingo kuDkt Clark enombolweni yeselula ethi: **081 360 1431**, noma atholakale kwibhusayithi yePhalamende ethi: www.parliament.gov.za.

